


UKWENZA NOKUSEBENZISA UMANYOLO OLUKETSHEZI



IZINTO ZOKWENZA:

1. Lungisa ingxenye yomanyolo oluketshezi oluchazwa ngezansi.
2. Sithumele isithombe somanyolo wakho oluketshezi.


1. KUNGANI KUMELE USEBENZISE UMANYOLO OLUKETSHEZI?

- ◆ Ukuqiniseka ukuthi izitshalo zakho zikhula ngokushesha, zinempilo futhi zikulungele ukudliwa, kubalulekile ukuthi uzinikeze umfutho ngokuzinikeza ukudla okuningi okufana nomanyolo oluketshezi.
- ◆ Umanyolo oluketshezi usetshenziswa ezitshalweni uma sekudlule amaviki amane Kuya kwayisithupha enkulisa. Wufake Kanye neviki ekuseni kakhulu ngaphambi kokuba ilanga lishise. Usebenza ngokushesha futhi unikeza izitshalo umfutho. Ungasetshenziswa futhi ekutheni udlise izimbali, izihlahla zezithelo Kanye nezihlahla ngesikali ezithe ukuthi xaxa.
- ◆ Ukuzenzela umanyolo oluketshezi (amatiye) kushibhile futhi kulula ukukwenza, futhi ziningi izinto ezingasetshenziswa, isibonelo. umanyolo, ukhula lwasemanzini, ukhula, umquba, kanjalo kanjalo.
- ◆ Uma wenza umanyolo oluketshezi uhlale njalo usebenzisa amanzi akwanele lokho ngoba ungahle ube ngamandla amakhulu bese uyazishisa izitshalo.
- ◆ Sebenzisa ikani lokunisela noma ibhakede, uthole kancane emhlabathini uzungeze izitshalo.

2. WENZIWA KANTANI UMANYOLO OLUKETSHEZI

Itiye lekhomfli (Umxube wezakhamzimba)

Faka ikota yebhakede lamacembe ekhomfli aqotshiwe bese ugcwalisa ngamanzi. Uwusebenziwe emuva kweviki elilodwa ukuze uthole itiye elinotswayi olwanele; emva kwalokho itiye liyobe seliyi nitrogen (No word for anything on the periodic chart). Xuba ingxenye yetiye nengxenye yamanzi..



Tshala i-comfrey engadidni yakho. Iyisitshalo esihle ukusikhulisa mawuzokwenza umanyolo oluketshezi, nezinye izithako zokwelapha. Hloma ucezu lwempande phansi endaweni enelanga bese uyaqiniseka ukuthi kuhlala kuswakeme – hayi MANZI.

Itiye lika manyolo (Line nitrogen eningi)

Gcwalisa isaka noma ushekhasi wezitshalo omdala nomanyolo bese ukulengisa ebhakedeni noma umphongolo wamanzi kube izinsuku ezintathu.

Gcwalisa ikota yebhakede noma ikani lokunisela ngomanyolo oluketshezi bese ugcwalisa ngamanzi (ikota yomanyolo oluketshezi, amakota amathathu amanzi). Ibhakede elilodwa eliwu 10 litha letiye lamanyolo oxutshiwe likulungele ukusebenza kwi square metre esisodwa sengadi. Nisela izimpande zezitshalo.

Itiye lomquba (Line zakhamzimba eziningi ezihlukahlukene futhi lihle kakhulu kwinkulisa.)

Likhande ngendlela efanayo nalena owenza ngayo itiye lika manyolo kodwa gcwalisa isikhwama ngomquba bese uyacwilisa ubusuku obubodwa kuphela. Xuba ibhadeke elilodwa letiye nebhakede elilodwa lamanzi.

Itiye lokhula kwasemanzini (Line zakhamzimba eziningi futhi linezinto ezinikeza izitshalo umfutho wokuthi zikhule. Izimpande eziqinile zibalulekile ezitshalweni ezinempilo.)

Mawuzolenza qoqa, uhlanze bese uqoba ukhula kwasemanzini. Cwilisa isikhwama sibe sinye emphongolweni wamanzi kube iviki elilodwa noma amabili. Xuba ibhakede elilodwa letiye nebhakede elilodwa lamanzi.



Itiye lomfino wasendle.

Pakisha zonke izitshalo zingacinani ebhakedeni elikhulu. Uma ukhathazekile ngokuncinzeka, gqoka ama-gloves uma usebenza ngemimfino. Ucwilise emanzini amahora angu 24, kodwa kungeqi lapho. Xuba ingxenye yetiye nengxenye yamanzi. (Qaphela umehluko phakathi kwalokhu nesifutho sembabazane sokuxosha izinambuzane).



Itiye lokhula (Linomxube wezakhamzimba)



Ukhula oluningi olufana nomashwababa nokhula lwezinkukhu lunezimpane ezishonayo okwenza zithathe izakhamzimba ezisemqoka emhlabathini wangaphansi bese zizenza zikwazi ukufinyelela ezitshalweni. Uma lolukhula lusetshenziswa njenge sembozo, kugujelwa phansi noma kufakwe emqubeni kunikeza umhlabathi izakhamzimba nokudla kwi zitshalo ezikhulayo. Yenza itiye elidambisiwe ngoku cwilisa ukhula oluthatha ebhakedeni lamanzi, uluyeke amaviki ambalwa, uvove umxube ngesokisi elidala bese unisela izitshalo zakho ngalo lelo tiye elidambisiwe.

Ukufaka umquba noma umanyolo osulungile engadini kuzogquguzela impilo emhlabathini.



Kunemibuzo ongayiphendula uma uqeda lesigaba

